# ISIBONELELO SIKAHULUMENI SEMALI YOXHASO LWEMIHOLO YEZISEBENZI

## 1 SICHAZA UKUTHINI LESI SIBONELELO?

1. Lesi yisibonelelo sikahulumeni sezisebenzi kuma-ECD okuyi-ECD Employment Stimulus Relief Fund okuyindlela yokunikezela ngosizo oluphuthumayo lokwesekwa komkhakha wama-ECD ngenhloso yokuwacakula ngenxa yemiphumela yobhubhane lwe-COVID-19.

2. Siyingxenye yephakheji le-Presidential Employment Stimulus.

3. Lolu xhaso luzosiza ekuvulweni nasekuqhubekeni kokusebenza kwama-ECD.

4. Kumele lusetshenziselwe ezindlekweni zokukhokhelwa kwezisebenzi zama-ECD.

5. Kuzokhokhwa inani elilingekho ngaphezulu kuka-R4 470 ngesisebenzi ngasinye. Kuzokhokhelwa izisebenzi ezingeqi kwezine, ngokuya ngokubakhona kwemali.

6. Ukufakwa kwezicelo zokuthola lesi sibonelelo kungenziwa KUPHELA yi-ECD (ngumuntu ogunyazwe ngokufanele) HHAYI isisebenzi se-ECD. Uma isicelo siphumelele, leyo i-ECD izothola imali - ezosetshenziselwa ukukhokhelwa izisebenzi eziqashiwe ngokuya ngokuhlukana kwemisebenzi yazo.

Ukuvulelwa kokufaka kwezicelo: 5 Febhuwari 2021
Ukuvalwa kokufakwa kwezicelo: 19 Febhuwari 2021

Ungazibambezeli ekufakeni isicelo sakho njengoba unamasonto amabili nje vo ukufaka isicelo.

FAKA ISICELO KU-ONLINE ngokusebenzisa i-govchat.app

https://govchat.app

Mayelana nokuthola ulwazi oluthe xaxa, yana ku - www.dsd.gov.za

PRESIDENTIAL EMPLOYMENT STIMULUS

"ECD is Everybody's Business"

STAY SAFE PROTECT SOUTH AFRICA

Uma unanoma yimiphi imibuzo, shayela isikhungo zokushaywa kwezingcingo okungakhokhelwa kule nombolo: **080 008 9666**

# ISIBONELELO SIKAHULUMENI SEMALI YOXHASO LWEMIHOLO YEZISEBENZI

## 2 NGUBANI OKUMELE AFAKE ISICELO:

REGISTERED

CONDITIONALLY REGISTERED

Yi-ECD ebhaliswe ngokugcwele noma EBHALISE ngokwemibandela kuMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi WesiFundazwe.

UNREGISTERED

Yi-ECD ENGABHALISIWE, ehlinzeka ngethuba lokufunda kwezingane ezisencane*.

* (ngokugcwalisa leli fomu lesicelo, abafakizicelo bayazibophezela ekubhaliseni)

Izinhlangano eseziqhube, zaphinde zaphatha noma zongamela ama-ECD amaningi eminyakeni engaphezu kwemi-3 zingafaka izicelo zezinhlelo ezingaphezulu kohlelo olulodwa lwe-ECD noma izinhlobo eziningi zezinhlelo ze-ECD.

- Izinhlelo eziqhutshwa esikhungwini nalezo eziqhutshwa naphandle kwesikhungo.
- Ama-ECD avuliwe ngenhloso yokuhlinzeka izinhlelo ezinganeni, noma kungathiwa asavaliwe (uma i-ECD ivaliwe, umfakisicelo kumele azibophezele ukuthi uzoyivula zingakaphezi izinsuku ezingu-60)
- Ama-ECD angafaka izicelo egameni lalezo zisebenzi ezifundisa izingane, nalezo eziphekayo, nalezo ezisebenza engadini kanye neziphethe noma ezinye
- Abafakizicelo kumele babe neminyaka engu-18 yobudala noma ngaphezulu.



Ukuvulelwa kokufaka kwezicelo: 5 Febhuwari 2021
Ukuvalwa kokufakwa kwezicelo: 19 Febhuwari 2021

FAKA ISICELO KU-ONLINE ngokusebenzisa i-govchat.app
https://govchat.app




Ungazibambezeli ekufakeni isicelo sakho njengoba unamasonto amabili nje vo ukufaka isicelo.

Mayelana nokuthola ulwazi oluthe xaxa, yana ku - www.dsd.gov.za

PRESIDENTIAL EMPLOYMENT STIMULUS

"ECD is Everybody's Business"

STAY SAFE

Uma unanoma yimiphi imibuzo, shayela isikhungo zokushaywa kwezingcingo okungakhokhelwa kule nombolo: 080 008 9666

# ISIBONELELO SIKAHULUMENI SEMALI YOXHASO LWEMIHOLO YEZISEBENZI

## 3 LOKHO OKUDINGEKA UKWENZE UMA UFAKA ISICELO SESIBONELELO

### BONKE ABAFAKIZICELO KUMELE:



- Babe ne-akhawunti yasebhange egameni le-ECD. Uma leyo ECD ingenayo, kumele ivulwe. Imininingwane ye-akhawunti yasebhange esegameni lakho angeke yamukelwe.
- Kumele uqinisekise ukuthi leyo ECD engayitholi imali yoxhaso njengamanje evela ku-DSD iyabhalisa kwidathabhesi ye-CSD, okungenziwa ngale linki elandelayo: https://secure.csd.gov.za/Account/Register. Inombolo yokubhalisa (izoba no-M kuyo) oyithole ngesikhathi ubhalisa kwidathabhesi ye-CSD izodingeka ngesikhathi ufaka isicelo.

### ZONKE IZICELO KUZODINGEKA UKUTHI:




- Zibe namagama kanye nezinombolo zomazisi noma zereferensi yomfakisicelo kanye nezisebenzi njengoba zivela emabhukwaneni omazisi.
- Amakhwalifikheshini ezisebenzi.
- Uhlu lweminyaka yobudala yezingane ezifunda kuleyo CSD.
- Inombolo yokubhalisa ye-NPO (uma ibhaliswe njenge-NPO).
- Inombolo yokubhalisa ye-CIPPC (uma ibhaliswe njenge-CIPPC).

### AMADOKHUMENTI AHAMBISANA NEZICELO:



- Uma ibhalisiwe noma ibhaliswe ngokwemibandela kuMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi, okungaba uhlelo lwe-ECD noma isitifiketi sokubhaliselwa konakekelo lwengxenye.
- QAPHELA: MAYELANA NEZINHLANGANO esezike zaqhuba, zaphatha noma zongamela ama-ECD amaningi eminyakeni engaphezulu kwemi-3;
  - Uma ufaka isicelo sezinhlelo eziningi, isicelo sakhe kumele sihambisane nencwadi evela kuSihlalo we-Intersectoral Forum ekuvumayo lokhu, nehambisana nohlu lwalezo zinhlelo (kuzohlinzekwa ithemplethi njengengxenye yokufakwa kwesicelo)
  - Uma ufaka isicelo egameni lezinhlelo eziningi ze-ECD, kumele leso sicelo sihambisane nesitifikethi.


Ukuvulelwa kokufaka kwezicelo: 5 Febhuwari 2021
Ukuvalwa kokufakwa kwezicelo: 19 Febhuwari 2021

Ungazibambezeli ekufakeni isicelo sakho njengoba unamasonto amabili nje vo ukufaka isicelo.

**FAKA ISICELO KU-ONLINE ngokusebenzisa i-govchat.app**

https://govchat.app



Mayelana nokuthola ulwazi oluthe xaxa, yana ku - www.dsd.gov.za

PRESIDENTIAL EMPLOYMENT STIMULUS

"ECD is Everybody's Business"

STAY SAFE
PROTECT SOUTH AFRICA
TOGETHER WE CAN BEAT THE CORONAVIRUS

Uma unanoma yimiphi imibuzo, shayela isikhungo zokushaywa kwezingcingo okungakhokhelwa kule nombolo: **080 008 9666**